



UNaka noNala bakhuluma ngomlilo

Glanice Masilo
Sibusiso Khumalo






“Sheshisa Naka, sizokwephuza ukufika esikoleni!” kumemeza uNala.

“Ngiyagodola! Masime sibase umlilo ukuze sifudumale,” kusho uNaka.



“Usukhohliwe yini ukuthi u-anti uthe asingadlali ngomlilo?” kubuza uNala.

“Ngimzwile kodwa asikho endlini phakathi!” kuphendula uNaka.



UNala uti, "Sisemgwaqeni, kodwa nakhona kusenobungozi. Umlilo uyakwazi ukubhebhetheka ngokushesha, bese wenza umonakalo omkhulu."

UNaka uyacabanga ngalokhu.



“Kodwa kudala, umlilo kwakuyiwona kuphela umthombo wokushisa nokukhanya kwawo wonke umuntu. Abantu babewusebenzisela ukupheka, ukuzifudumalisa, nokukhanyisa.” kusho uNaka.




UNala uyaphendula, “Umlilo ungumthombo owusizo kakhulu, kodwa kunzima ukuwulawula. Yingakho-nje u-anti ethi izingane mazingawubasi umlilo. Wonke umuntu kumele aqaphele.”



UNala uyaqhubeka, “Ugesi uphephile futhi uhlanzekile kunokubasa ngezinto ezifana nezinkuni noma amalahle.”

“Ukubasa ngalezo zinto kuwungcolisa kakhulu umoya,” kwengeza uNala.




UNaka uyabuzza, “Ngabe uyazi ukuthi umlilo uqala kanjani?”

"Ngesinye isikhathi uma owokhela ngakho umlilo kuhlanguzana nomoya, kwakheka inhlansi. Yileyo nhlansi eqala umlilo," kuchaza uNala.



“Uma kuhlanguana umoya nokokokhela umlilo ngokushesha ezingeni lokushisa elifanele, liyaqala ukuvutha ilangabi. Okungaba yisibonelo nje,

Ukuhlanganisa izinduku ezimbili zihlikihlane noma ukokhela uthi lukamentshisi.”



“Umlilo udala intuthu,” kusho uNaka.

UNala uyavuma, “Yebo, yingakho kungafanele sibase umlilo ngaphakathi endlini. Ukuhogela intuthu kunobungozi ezimpilweni zethu.”



UNala noNaka basesikoleni.

"Khumbula, ungalokothi ushiye ikhandlela noma umlilo uvutha wodwa. Umlilo ungashisa izindlu noma abantu!" kuxwayisa uNala.

—Imibuzo

1. Ubani ofuna ukubasa umlilo, kungani?
2. Bala imisebenzi emithathu yomlilo.
3. Bala izinkinga ezintathu ngomlilo.
4. Kuyini 'ukungcoliswa komoya'?
5. Bala izindlela ezimbili ongahlala ngazo uphephile emlilweni.
6. Thola igama 'umlilo' ngezinye izilimi ezintathu. Dweba isithombe ngala magama.



Ulwazi Lwethu is a Zenex Foundation funded and initiated project to develop a series of graded and leisure African language readers and teacher support materials. This project is targeted at teaching and supporting learners in the Foundation Phase to improve their home language reading and understanding. The readers have been originated in nine African languages in collaboration with Molteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, and Saide. All resources are developed as Open Education Resources (OER).



Your attribution should include the following:

Title: UNaka noNala bakhuluma ngomlilo

Author/s: Glanice Masilo

Translator/s: Zanele Ndlovu

Illustrator/s: Sibusiso Khumalo


Assurer/s: Sifiso Khoza

Language: isiZulu



© Zenex Foundation - Saide 2023

CC BY includes the following elements:

BY  - Credit must be given to the creator

